Balekela Lapha, Woza Ngokushesha


Ngiyabonga.

2 Asikhothamise amakhanda ethu manje sisakhuluma kuYe Esize ukuzomkhonza.

3 Nkosi ebusisiweyo, lolu wusuku olukhulu kithi, iNkosi ilwenzile, asijabule. SiyaKubonga ngomusa waYo ochithekile wasabalala ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele, futhi manje siba yizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu.

4 "Akukabonakali nje esiyakuba yikho ekupheleni: kodwa siyazi siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo; ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo." Kwangathi lokho kungaba ukuhlala kwezinhliziyo zethu nengqondo kulentambama njengoba sizindla phezu kweZwi laKho. Busisa yonke inhliziyo, busisa lonke ikholwa lapha, futhi usilungiselele, Nkosi, ngokufika kwaYo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. Lokho kukhanya kwelanga okuhle ngaphandle, kubi kakhulu besingeke saba nakho lokhu iviki lonke, kodwa Uyazi nje ukuthi uzosinika ini, Uyazi nje ukuthi yini engcono kakhulu kithi. Leyo yinto enhle ngeNkosi yethu ebusisiweyo, Iyazi ukuthi yini esiyidingayo ngaphambi kokuba ngisho siYicele ngakho.

6 Futhi ngakho, leliviki lisho izinto eziningi kimi. Ngi . . . Inkumbulo eyodwa enkulu enginayo yaleliviki izoba ngukuvakashelwa nguMoya oNgcwele ngobunye ubusuku, nokho angikwazi ukweqa lokho. O, bekuyisehlakalo esihle kakhulu! Futhi kwenzeka kanye kuphela ngaphambili empilweni yami. UMfowethu Wood lapha, nami nomfowabo sasidoba ezansi emfuleni. Abaningi benu bayizwa indaba yakho, ngiqinisekile, e . . . Futhi kwafika kanjalo futhi.

7 Ngayizolo . . . Niyabo, umngane wami uMnu. Wood lapha wayenguFakazi kaJehova. Nakinina Fakazi kaJehova: uNkulunkulu usenawo uMoya oNgcwele wenu, impela Unawo. Futhi ngakho, wayenomfana onovendle. Futhi waye . . . Wayehlele eTexas lapho iNgelosi yeNkosi yayithathwe isithombe. Kwase kuthi-ke u . . . Ngaya phesheya kwezilwandle. Futhi wabuya futhi wayehlezi emhlanganweni inqobo nje uma lesisakhiwo silapha ngenkathi uMoya oNgcwele umbizela ngaphandle, waphulukisa umfana wakhe. Akazi ngisho nokuthi kwakuyimuphi umlenze manje owawukhubazekile, futhi uphila nje saka.

8 Kwase kuthi-ke uMnu. Wood, nabo bonke abantu bakubo benguFakazi kaJehova, umfowabo wehla. Awu, bathi ukumxosha emndenini ngoba wayeyi . . . wayethathe lokhu kukholwa. Umfowabo wehla ukuzombona ngesinye isikhathi, noMoya oNgcwele kwenzeka nje wamhlukanisa khona lapho ngenkathi ngisaphumile ngisika utshani, futhi uyangena, futhi wembula kuye futhi ngakho wahamba walanda uyise.

9 Uyise esendleleni ebheke ezansi, siyehla, wathi, "Asihambe siyodoba." Ngakho si . . . Endleleni eyehlayo uMoya oNgcwele wafika futhi wamtshela khona impela okwakuzokwenzeka kulolohambo, khona impela nje inhlanzi eyayizobanjwa, ukuthi ubani owayezozibamba, ukuthi zaziyoba kanjani. Kwenzeka nje ngokuphelele ngakho konke.

10 Futhi kwakukuhle ngempela, ukhuluma phansi le kokwakhe . . . ukujula *lapha*, nomfana wakhe wambuza, wathi, "Ucabangani ngalokho, Baba na?"

Wathi, "Awu, uma umfo engabona inhlanzi ngaphambi kokuba ayibambe, ngiqagele lokho kuhle impela."

11 Kwase kuthi ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, uLyle, umfowabo ophendukile, nami sasindawonye, futhi babexoxa, sasidoba, ezansi eKentucky Lake, futhi wathi, "Lyle, uyazi besifanele senyuke futhi sitshele," owesifazane othize omdala owayengoweChurch of God, i-Anderson Church of God, ngikholwa ukuthi ibizwa ngeFirst Church of God, yayivamise ukubatotosa futhi ibathande, babengabafana abancane abangoFakazi bakaJehova, kodwa, "futhi besifanele sihambe simtshele," wathi, "ukuthi sisindisiwe."

12 Awu, lapho esho lokho, uMoya oNgcwele wafika, futhi ngaphakama esikebheni lapho esasidoba khona, Wathi, "ISHO KANJE INKOSI: Kuzobakhona ukuvuka kwesilwane esincane masinya futhi uzokubona." Ngacabanga, "Isilwane esincane na? Sivelephi leso . . . ? Bekuyoba yini lokho na?"

13 Ngosuku olulandelayo sasidoba futhi, futhi sasime engoxeni encane ukuba sithole inhlanzi i-sunfishi. Nomfowabo kaMnu. Wood lapha uLyle, wabamba inhlanzi i-sunfishi encane ethi ayibe *kanjalo*, ibhrimu elincane, ngicabanga ukuthi nizibiza kanjalo lapha, nomfo omncane wayegwinye ihhuku lehla njalo, ngakho wavele wayibamba *kanje*, futhi nje wayidonsa. Wadonsa isisu namankanka nakho konke ngaphandle, ihhuku elikhulu, ngenkathi liphuma, wayiphosa phandle emanzini, inhlanzi encane yadlikiza izikhathi ezimbalwa, futhi wenza isisho kanje: "Mfo omncane, ufike kwelamanqamu."

14 Ngakho inhlanzi encane yalala lapho phezu kwamanzi, nomoya wayintantisa yabuyela engoxeni encane, cishe ingxenye yehora. Ngangidoba, futhi khona manjalo, ezansi emhumeni kwafika umsindo wokubhonga njengoza lapha ngobunye ubusuku, ilanga likhanya kahle nje njengoba linjalo manje, futhi

ngenkathi lishaya lapho engangikhona, ngavuka futhi ngabiza inhlanzi encane, Into ethize yathi, "Khuluma kuleyonhlanzi efile."

Ngase ngithi, "Nhlanzi encane, uJesu Kristu ukubuyisele impilo yakho."

Yaphenduka ngohlangothi lwayo, futhi yasho yaqhubeka idabula emanzini yahamba ngamandla ayo onke. Ngakho, niyabo, ubulula bukaNkulunkulu.

15 KuMarku 11:24 nelama 25, siyathola phakathi lapho ukuthi Wasebenzisa lawomandla amakhulu kaNkulunkulu esihlahleni ukukhombisa nje a—abafundi isifundo; Wakusebenzisa enhlanzini; abaningi benu bezwile ngenyamazane i-opozamu, zonke izinto. UNkulunkulu ulula kakhulu, usebenza kalula kakhulu, ukuthi uhamba weqe phezu kwakho ngelinye elikhulu, eliphakeme, ihubo lokudumisa ndawo ndawo, futhi ugeja uNkulunkulu, yingoba awubuki ebululeni ukuMbona. Uma nje wehla futhi uqaphela lezozinto, uNkulunkulu ukanye nawe ngqo, ehamba.

16 Futhi lokho kwakungokokuqala ukuba ngize ngikuzwe lokho kufika. Kwase kuthi-ke ngobunye ubusuku, ngimi kulomsamo ngqo ngenkathi ngikuzwa ngenkathi ngikhuleka. Futhi manje, nginomunye futhi umlayezo, lowo ukulobubusuku, ngaphambi kokuba ngihambe edolobheni.

17 Futhi ngifuna ukusho lokhu—lokhu: Ngiyakholwa ukuthi kafushane lesosinyathelo esilandelayo enkonzweni yami siyakhuphuka khona manje, okuzoba kude ngaleya kwalokhu manje.

18 Kanjani . . . ? Ngabe ukhona noma ubani lapha okhumbula ukuqala kokuqala kwenkonzo yami ngenkathi ngibeka isandla sami phezu komunye umuntu na? Niyakukhumbula lokho na? Kulungile. Bangaki okhumbulayo ukuthi iNkosi yethembisa ngayo leyonkathi uma ngiyobaqotho ngiyokwazi izimfihlo zenhliziyo yabo na? Bangaki owaziyo ukuthi kwashiwo emuva lapho na? Niyakubona kwenzeka na?

19 Manje, kukhona okunye okuzayo khona manje, kuza khona manje, futhi kusazoba kukhulu kakhulu, futhi ngicabanga ukuthi kuzoba ngokokugcina. Kungahle kungabi yilokhu . . . Konke okwakho kusebenza ndawonye ngokufanayo nje.

20 Kodwa manje, kulentambama ngingathanda ukuba ninake omunye umBhalo, okwemizuzwana embalwa nje ukuthi sizokhuluma, uNkulunkulu ethanda, phezu kwe—kwendaba lapha esithemba ukuthi iNkosi izoyibusisa. Futhi lokho kuzotholakala kuLuka oNgcwele okokufundwa komBhalo, uLuka oNgcwele nesahluko 17 nevesi 20. Ngifisa ukufunda lokhu njengokuthola ingqikithi. [UMfowethu Branham ufunda uLuka oNgcwele 17:26-29—Umhl.]

*Futhi njengoba kwenzeka emihleni ka*Nowa*, kuyakuba njalo nasemihleni yeNdodana yomuntu.*

Badla, baphuza, . . . futhi *baganwa abafazi,* futhi *bendiswa, kwaze kwaba lusuku u*Nowa *angena ngalo emkhunjini, kwafika uzamcolo, wababhubhisa bonke.*

Kanjalo njengoba kwenzeka emihleni kaLoti; benza . . . (Manje, bhekisisani ukuthi benzani.) *badla,* . . . *baphuza, bathenga, bathengisa, batshala,* bakha*;*

Futhi usuku . . . *usuku olufanayo uLoti aphuma ngalo eSodoma lana umlilo nesibabule—umlilo nesibabule* . . . *, futhi labababhubhisa bonke.*

21 Manje ngale kuGenesisi, i, eNcwadini kaGenesisi futhi e, ngikholwa ukuthi yisahluko 19 nevesi 22, ngifisa ukuthola indikimba.

Shesha, u*balekele lapha; ngokuba Ngi*ngenze lutho *ungakafiki* lapha.

22 Manje, kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo sisakhuleka umzuzwana nje.

23 Manje, Nkosi, kusezandleni zaKho, futhi uthathe lamaZwi aKho futhi uWenze ukuKhanya emehlweni ethu kulentambama, izinhliziyo zethu, ngokuba siphila osukwini olukhulu. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzozibonakalisa Wena uqobo kithi ngendlela egqame kakhulu. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

24 IZwi likaNkulunkulu alehluleki neze. Manje, indaba yami engiyikhethile yalentambama ithi: *Balekela Lapha, Woza Ngokushesha.*

25 Manje, kade ngikhuluma ebusukwini obumbalwa obedlule ngesiputniki. Futhi selokhu ngikhulume nani, ebusukwini obuthathu obedlule uhulumeni waseMelika, noma, umbutho uye wadedela lezo ziputniki esihamba emhlabeni jikelele cishe njalo emizuzwini eyikhulu noma emibili, zenza umzungezo emhlabeni jikelele. Futhi kukhombisa kuphela ukuthi lokho okushiwo sekuseduze kakhulu.

26 Manje, ngikholwa ukuthi uma kwake kwabakhona usuku lapho abesilisa nabesifazane bebefanele bavule amehlo abo futhi babuke eZwini likaNkulunkulu, kunamhlanje, yilolusuku, ngoba kungahle kungabibikho ikusasa. Futhi uma iBandla lake labopha izikhali zalo, kufanele kube namhlanje, ningakuyeki olunye usuku.

27 Uma kukhona noma yini phakathi kwakho noNkulunkulu ukukuvimba ungangeni oHlwithweni, kungcono ukulungise manje, ungasuki esihlalweni sakho. Siphila ekulindeleni kokufika masinya kweNkosi ebusisiwe, futhi sibheke lelohora.

28 UJesu washo qobo lwaKhe, “Nxa nibona lezizinto ziqala ukwenzeka, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho sekuseduze.” Izibonakaliso ezibhakabhakeni, izinto ezibonakala zesabeka, izinhliziyo zamadoda zehluleka ngukwesaba, ulwandle lubhonga, amagagasi amakhulu abangwa ukuzamazama kolwandle, izinto ezinkulu zenzeka.

29 Futhi ngiyazi abanye kungahle kungene ekhanda labo, “Mfowethu Branham, kungani uqhubeka ugqonqa lezozinto na?”

Kusenhliziyweni yami, futhi ngiyazi ukuthi kufanele kugqonqwe namuhla.

30 Manje, sasikhuluma ngeBabiloni, futhi *Isandla Esiloba Odongeni*. Futhi namhlanje, njengoba silapha namhlanje, singacishe impela sizwe imimoya eshisayo yokwahlulela ivunguza ebusweni bethu. Izwe selifike ekupheleni kwalo. Alikho ithemba ngezwe, ngaphandle kokufika kweNkosi uJesu, yilelothemba kuphela. Ungabeka u-Eisenhower kuzo zonke izifunda zezwe, futhi iMelika isazolokhu igxambuza esonweni.

31 Angibhekile noma iyiphi imvuselelo enkulu. Into yakho ingukuthi, imvuselelo ifikile futhi ayisekho, futhi anikwazanga. Bekuhlala njalo kuyilokho. Ubheka into ethize, noSathane ubelokhu ethi, “Kuzoba kukhulu *ngapha*, kube kukhulu *ngapha*,” futhi kwedlule ngakuwe ngqo.

32 Akafikanga yini uJohane umBhaphathizi emhlabeni, futhi ngisho nabalungileyo abamqondanga ngisho na? Abashongo yini abafundi ukuthi, “Uzofika nini u-Eliya na?”

Wathi, “Usevele ufikile, futhi anikwazanga.”

33 Imvuselelo isizophela nje. Ungabheki lutho olukhulu ngokwedlulele, sesivele sineNto enkulu kunazo zonke eZulwini, uMoya oNgcwele Uzibonakalisa kulesisizukulwane, akukho okunye okungenziwa.

34 Kodwa izahlulelo ezizayo, izwe liyakuzwa. Amaphephandaba . . . Futhi ngikuzwile lokho ePentagon, angazi, kodwa bathi abazi ukuthi bazokwenzenjani. Awu, yinye kuphela iNcwadi engakuqondisa kulokho ofanele ukwenze, futhi leyo yiBhayibheli likaNkulunkulu, yileyoNto kuphela engakutshela ukuthi yenzani, lokho ngukuthi phakamisa ikhanda lakho, bheka phezulu. Ayikho indlela yokuphunyuka.

35 Sekuvele kungene ezandleni zabantu ukuthi bangabhubhisa lelizwe ngehora uma befuna. Yini ebiyovimbela iRashiya kulentambama, abanye balabo baholi ukuba baphuze ikani elilodwa likagologo kakhulu, bese beshaya inkinobho ebiyothumela umhlaba wonke uphume emkhondweni wawo na? Futhi bekungeke kuphambane nemiBhalo nakancane. Nakho lapho okhona. Niyabo, sisesikhathini sokuphela.

36 Futhi ngifuna ukuletha lokhu emiqondweni yenu, ukuthi zonke lezizinto esizibonile zenzeka kuleliviki, lapho umhlangano onjengalona endaweni ulungisiwe, nabantu bengenandaba, ngakho konke kukhombisa ukuthi leyonto isiseduze. Nokubona iqembu elincane eliyothi ngokwethembeka, njengani uqobo, libuthane, usuku emva kosuku, nobusuku emva kobusuku, ngoba Into ethize iyakucindezela, kukhona Okuthile kuwe, nina bantu abagcwaliswe ngoMoya, kukhona Into ethize ngaphakathi kini enixwayisayo.

37 Manje, omunye omkhulu usiyazi wezenkolo angahle eze edolobheni ukuthi, mhlawumbe, wayenemfundo eningi, wayengakhuluma amazwi abo kahle ngempela nangokucacile, futhi mhlampe lonke ibandla edolobheni belizobambisana ngokugcwele, futhi bekuyothi ukuba ngukuhlonishwa ukuthola ukuphuma ukuyozwa indoda engahle ibe yisikhulumi esimangalisayo, kodwa lokho akusikho iBandla elikubhekile. IBandla, ikholwa langempela libheke ukubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, into ethize enhliziyweni yabo inyakaza. Abantwana abazi ukuthi kuyini. Kodwa uNkulunkulu angisize kulentambama ukuba nginichazele ukuthi kuyini.

38 Esikhathini esingeside esedlule kwakuyinhlanhla yami ukuya eNdiya, lapho engangiholwe khona yiNkosi, futhi kwakumangaza ngokwenele, ukuthi ngenkathi ngifika eNdiya, babesanda kuba nokuzamazama komhlaba. Futhi nginesiqephu ephepheni, esisehhovisi leChristian Business Men kulobubusuku, noma, namhlanje, ngomngane wami olungileyo uTommy Nickel, ozokushicilela.

39 Futhi kwakungukuthi into exakile iqala ukwenzeka, cishe ezinsukwini ezimbili ngaphambi kwalokho kuzamazama komhlaba kwazamazamisa lesosizwe esikhulu, esasithwalayo, futhi, ngapha, ukuthi kwaba nento exakile eyenzeka, ukuthi zonke izinkomo nazo zonke izinyoni ezincane ezazinezidleke zazo nezindawo zazo zokuhlala eziphezulu phezulu ko—koshimula, ezindongeni ezinkulu eNdiya. . . Abanazo izintango eziningi kakhulu nje, ngolukhulu, izindonga zamatshe abacosha amadwala futhi benze udonga. Nezinyoni ezincane ezazikade zihlala ezintini phezulu futhi zinendawo yazo yokuhlala kulezizindawo zonke zasuka zandiza futhi zaphuma zayongena ehlane ukuba zihlale. Izinkomo ezazihlala zizungeze izindonga kusihlwa elangeni elishisayo, zaphuma zase zima maphakathi nedlelo.

40 Kwakuyini na? Kwakungekho neyodwa into ephathekayo ekhombisa ukuzamazama komhlaba, ososayense abakwazanga ukucosha lokhu ukuzamazama komhlaba okuzayo. Kodwa, o, mangisho: Malibongwe iGama laKhe! UMdali wayazi ukuthi kwakuza, futhi Wakhipha izidalwa zaKhe ezincane

ngakulezozindonga, ngoba zathi cababa phansi, futhi zaziyobulawa.

41 Futhi uma inyoni encane, ngokuzibonela ngokwemvelo, ayinawo umphefumulo, futhi uma inyoni encane, nenkomazi ibingenza indlela yayo ngokuzibonela ngokwemvelo isuke ezindongeni ukuze ingabulawa, lifanele kakhulu kangakanani iBandla, nalokhu ukwahlulelwa okukhulu okuzayo, ukuba lizidonse liphume ngasezindaweni zalo ezindala, uma ufanele ume phakathi nokuhlushwa, futhi ubheke phezulu, ngokuba ukuhlengwa kuyasondela na?

42 UNkulunkulu, njengoba Axwayisa izinyoni zaKhe, Uyabexwayisa futhi abantu baKhe. Futhi lokho kunamhlanje, ukuthi abantu abaningi bashiya lamahlalabhishobhi amakhulukazi neVangeli lokuHlalisana ukuphuma nokwenza ukuma kwabo nabantwana bakaNkulunkulu, nakuba bebizwa ngohlanya, kumbe noma yini abayifisayo, bathatha isinqumo sabo. NguMoya oNgcwele ubaxwayisa, impela kunjalo, lokhu ukwahlulelwa okuzayo. O, ngimthanda kanjani uNkulunkulu ngokwenza lokhu!

43 UNkulunkulu uyasizonda isono, nesono sifanele sehlulelwe. Kushiwo ukuthi uma uNkulunkulu engayehluleli iMelika masinya impela ngesono sayo, Uzofanele avuse iSodoma neGomora futhi axolise kubo. Impela. Futhi sizovuna esikutshalayo, nawo wonke umuntu onomoya kubo uyaqonda ukuthi lelo yiqiniso. Sisekupheleni komgwaqo.

44 Nokwazi ukuthi usekuphepheni kuKristu, futhi yinye kuphela indlela obungaba lapho ngayo, lokho kwakungenxa yokuthi uNkulunkulu wakukhetha ukuba ube lapho. “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Naye wonke lowo uNkulunkulu aMnika yena, Uzomvusa ngezinsuku zokugcina.

45 Manje, uJesu uqala ukukhuluma futhi uthi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Manje, qaphelani ezinye zezinto Azisho, Wathi, “Ngosuku lukaNowa babedla, bephuza, beganwa, bendiswa.”

46 Niyazi ukuthi zikuphi izehlukaniso eziningi kakhulu kuwo wonke umhlaba na? E-United States of America. Inezinga lesehlukaniso eliphakeme kunawo onke elikhona noma kuphi emhlabeni.

47 Futhi qaphelani ukuthi Wathini, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, emihleni kaLoti,” wathi, “babedla, beganwa, bendiswa, futhi babakha, betshala.”

48 Senake nasibona isikhathi esinjalo sokwakha, siqhubekela phambili na? Bukani umuntu eminyakeni eyikhulu edlule, ungumuntu ofanayo ayenguye eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha eyedlula, kodwa akazange athuthuke kakhulu

kwaze kwaba cishe yiminyaka eyikhulu edlule. Akukadluli kangako lokho kwaze kwathi indlela kuphela ababengathumela ngayo umlayezo kwakungencwadi kanye nesigijimi, manje wucingo, ithelegramu, ithelevishini. Kushesha kanjani emhlabeni jikelele, ngaphansi kwemizuzu emibili, umlayezo ungashanela umhlaba, lapho eminyakeni engamakhulu amabili edlule, wawuyofanele uthwalwe yisigijimi. Bukani umehluko!

49 Usosayense ongumFrentshi wathi, eminyakeni engamakhulu amathathu namashumi amahlanu edlule, ukuthi uma umuntu eke wahamba ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amane ngehora, amandla adonsela phansi abeyomphakamisa amsuse emhlabeni. Manje, bahamba amamayela angamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye ngehora, futhi basaqhubeka manje ngesiputniki esilinganisweni samamayela ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili ngehora, bejikeleza umhlaba; sizoba nomuntu kuso ngaphambi konyaka kusukela manje. Impela. Inqubekela phambili isiphakamile ngokushesha, kuse—sejubaneni eliphindeke kabili. UNkulunkulu wathi kuyoba ngaleyondlela.

50 Manje, ngezinye izikhathi siyamangala ukuthi kungani singenazo zonke lezizinto ezinkulu bonke abantu abanazo, kungani singeke sibe phezulu ekwethembekeni. Angifuni kulokhu kwasemhlabeni ukwethembeka, ngifuna ukwethembeka kukaNkulunkulu.

51 Qaphelani, ekuqaleni ngenkathi abafana ababili, bobabili uKayini no-Abela, beza ukuzokhonza uNkulunkulu, bobabili bakha amasonto, bobabili bakha ama-altare, bobabili babengabesonto. Bobabili babehloniphekile, bobabili babenomqondo ofanayo ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu, futhi ngobuqotho baguqa phansi futhi bakhonza uNkulunkulu, omunye wayengoqavile nje njengomunye. Uma uNkulunkulu ehlonipha kuphela oqavile, Wadingeka emukele uKayini ngokufanayo nje njengoba Enza ku-Abela, kungenjalo Wayeyoba ngongalungile. Kuqapheleni, kukhona okwenzeka ku-Abela, ukuthi wayazi ukuthi kufanele enzeni.

52 Bhekisisani leyomithi emibili ikhula manje, iyakhula, kusukela kuGenesisi ikhuphukela ku-Eksodusi. Kwakukhona u-Israyeli, esendleleni yakhe, ukungakhethi-hlelo, esendleleni yakhe ewela engena ezweni lesithembiso, kwakukhona uMowabi, umfowabo, babenoMbhishobhi, babakhiphela lapho, futhi zombili lezo zelamani, uMowabi noJakobe, bobabili wayeqinisile ngokuqavile. UMowabi wayenama-altare ayisikhombisa, imihlatshelo eyisikhombisa, izinkunzi eziyisikhombisa, nezinqama eziyisikhombisa, kukhuluma ngokufika kukaKristu; phansi ethendeni lika-Israyeli kwakuyizinkunzi eziyisikhombisa, ama-altare ayisikhombisa, izinqama eziyisikhombisa.

53 Ngokuqavile bobabili babekahle, kodwa u-Israyeli wayenesambulo. Ngokuba ngo-Israyeli . . . uMowabi wayesanda kuba nebandla eliqinile eliyisitashi, eliqavile impela, kodwa uMowabi wayenokuqava, nenqwaba yombhedo, futhi, kodwa uBalami wehluleka ukubona lesosibonakaliso esingaphezu kwemvelo phakathi kwabo, iNsika yoMlilo, wehluleka ukubona lokho kubuyisana. Wacabanga ukuthi uNkulunkulu oNgcwele wayezoqalekisa abantu abanjalo, umlahlwa nje. Kodwa akukho emisebenzini yakho, ngukukholwa kwakho okukwenzayo, futhi babenokungaphezu kwemvelo.

54 Into efanayo ngezinsuku zikaJesu kubaFarisi, bobabili ngokuqavile beqinisile, kodwa uNkulunkulu wayenoKristu nezibonakaliso ezinkulu nezimanga zaMlandela.

55 Manje, lamagatsha amabili akhulayo kuGenesisi akhulela endaweni, omabili azoba yimbewu. Futhi nanka namhlanje, into efanayo, ekhuluma, a . . . "Siyakholelwa ekuzalweni yintombi, siyakholelwa emhlatshelweni kaKristu, siyakholelwa ekuFikeni kwesibili."

56 Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu njalo uziqinisekisa Yena uqobo ngokuba sekamu nezibonakaliso nezimangaliso ezingaphezu kwemvelo. UNkulunkulu njalo Uyazazisa. Ungaphezu kwemvelo, futhi Angebe yinoma yini noma asebenze noma ngayiphi indlela kodwa ngokungaphezu kwemvelo. Niyakubona na? O, ngiyakuthanda nje!

57 Ngifuna niqaphele ozalweni lukaKayini, uKayini wayengokholwayo, futhi wayekholwa njengoba nje u-Abela wayenjalo, wayeqotho nje njengoba u-Abela wayenjalo, wayengoqavile njengoba u-Abela wayenjalo. Kodwa nakhu lapho umehluko wawukhona: Wayengenaso isambulo. Bekuyilokho sonke isikhathi.

58 UJesu Kristu wathi kuMathewu 16 ngenkathi Ehla evela eNtabeni yokuGuqulwa isimo, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, futhi Wathi, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

"Omunye wathi, Wena ungumprofethi, futhi omunye wathi, Ungu*S'bani-bani*."

Wathi, "Kodwa nina nithi NginguBani na?"

UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

59 Manje, ibandla eliKatolika lithi Wakha iBandla laKhe phezu kukaPetru khona lapho; ibandla lamaProtestane lathi uKristu waLakhela phezu kwaKhe uqobo khona lapho, ngiyakholwa uma nizobuka umBhalo, bobabili banephutha, Akazange aLakhe phezu kwaKhe uqobo, kanjalo Akazange aLakhe phezu kukaPetru. Bhekisisani ukuthi Wathini, "Inyama negazi akukwambulelanga lokhu . . . " Awuzange ukuthole ngekholiji

elithile, lapho bobabili bedlula khona, wena . . . “Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele khona. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLidilize.” isambulo sokomoya seNkosi uJesu Kristu.

60 Nakho lapho okhona. Lelo bekuhlala njalo kuyiBandla laKhe. Yilokho u-Abela ayenakho, yilokho abaphostoli ababenakho, yilokho onakho, lelo yiBandla ngokwaLo, liyisambulo sokomoya sikaNkulunkulu seNdodana yaKhe ebonakalisiwe kini emandleni nasekubonakalisweni kukaMoya oNgcwele. “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ukubonakaliswa koBukhona beNkosi uJesu ovukileyo, nabantu abayimicabango yokomoya, bakwemukele futhi bakukholwe. Nakho lapho okhona. “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi.” Futhi siphila kulolosuku.

61 Qaphelani abantu bakaKayini, abantu bakaKayini babengabantu abahlakaniphile, abangososayense. Abantu bakaKayini babengabakholwayo, babenebandla elikhulu, amabandla amakhulu, abafundile, izifundiswa ezinkulu. Bahamba bayosebenza kwisayense, bakhipha insimbi, bakha izindlu, babengabakhi abakhulu ezintweni ezinkulu. Kubukeni namhlanje, bukani kulokho olunye uhlangothi, ukuthi bangabenkolo kanjani, kodwa abantu abangena emkhunjini kwakungabantu ababengabalimi abathobekile. Kunjalo.

62 Kodwa olunye uhlangothi yi . . . lunomqondo wobuhlakani, lapho uhlangothi lweqiniso lukaNkulunkulu lunesambulo sikaJesu Kristu, hhayi ngeZwi elilotshiwe, kodwa ngeqiniso elembulwe ngokomoya. Amen. O, malibongwe iGama laKhe! UNkulunkulu Uzembula kumuntu ngamunye, futhi ngokushesha Uba ngubuNkulunkulu ngaphakathi kuye, uyindodana noma indodakazi kaNkulunkulu. “Khuluma kulentaba, ungangabazi kodwa izonqukuleka.” Niyakuthola na? Wusuku, ukwahlulela okuzayo, ukweluswa kwabantu baKhe ezindaweni ukuba babalekele ukwahlulelwa.

63 Manje ngifuna niqaphele, kuzo zonke izindawo ngaphambi kokuba ukwahlulelwa kushaye, kwakuhlala njalo kukhona into engaphezu kwemvelo eyenzekile. Futhi uNowa, bedlula esikhathini eside belindile, kwase kuthi-ke lapho kwabonakala iNgelosi, umprofethi, u-Enoke, kanjalonjalo, nezibonakaliso ezingaphezu kwemvelo senziwa, futhi bangena.

64 Ngifuna niqaphele ukukhishwa kwabantwana bakwa-Israyeli, kwakuyisikhathi eside, amakhulu eminyaka, akukho okwenzekile, akukho okungaphezu kwemvelo kusukela ekufeni kukaJosefa, okwakungumfanekiso kaKristu, kodwa ngaphambi nje kokuba ukwahlulela kushaye iGibhithe, ngenkathi uNkulunkulu ekhipha iBandla laKhe, kwakukhona

uMlayezo, umprofethi wabonakala, iziNgelosi zabonakala, izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo zenzeka, nabantwana bakaNkulunkulu bakhishelwa eGosheni lapho ababekhululekile khona ezinhluphweni ngaphambi kokuphuma kwabo.

65 Into efanayo ekuFikeni kokuqala kukaKristu, futhi ngaphambi kokuba imbubhiso ifike, Wabatshela, "Ophezu kwendlu makangehli. Osensimini makangezi ukuzolanda izinto zakhe, kodwa aphume emzini."

66 Yilapho lawomaJuda ekhona, asezansi e-Iran manje, kanjalonjalo, abuyiselwe emuva futhi engena eJerusalema. Hhayi lamaJuda akhohlisayo, futhi ebe, nezinto kwenza lezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, kodwa lawomaJuda eqiniso ezansi lapho aphunyuka ngezinsuku ngenkathi uTitus evimbezela izindonga, noma, evimbezela iJerusalema, futhi angena kulokho kubhujiswa okukhulu lapho, ne, iJerusalema lahlakazeka namaJuda, abakaze bahlangane ndawonye kuze kwaba maduze nje, futhi, ukugcwalisa lokho uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Sisesikhathini sokuphela, bangane.

67 Qaphelani, isikhathi ngasinye lapho isithunywa sifika, isithunywa njalo senqatshwa yibandla. Manje, buyela emuva emlandweni futhi uthole, asikaze sibekhona isikhathi uNkulunkulu ake athumela ngaso uMlayezo kunoma yimuphi unyaka, kodwa lokho ibandla elawenqabayo. Qiniso.

68 Bukani uMartin Luther, uJohn Wesley. Kuthiwani ngani bazalwane abangamaMennonite, nina ma-Amish na? Lapho kuvela uMlayezo, ibandla liyawenqaba. Impela, liyawenqaba. Futhi siyakhula, futhi sikhule, futhi sikhule, futhi sikhule, naleyonsali encane ekhuphukela esimweni seMbewu futhi! O, alibusiswe iGama laKhe! Sisekupheleni. Kunjalo. Ukwahlulela ku . . . Ningabuka phandle bese nibona isandla esiloba odongeni.

69 Futhi ngaso sonke isikhathi izithunywa ezaphumayo zaletha umlayezo wothando, umusa, nokukhululwa, uMlayezo kaNkulunkulu ubulokhu ungumlayezo wokukhululwa ngaphambi kokwahlulela, uNowa wayenokukhululwa, uLoti wayenokukhululwa, futhi nakuba Kwakungumlayezo wokukhululwa, abantu bayaWenqaba. Ngumusa nokukhululwa, nabantu bayakwala.

70 Ngifuna niqaphele ngezinsuku zika—zikaLoti . . .

71 Yingalesosizathu ngikholwa ukuthi iBandla lizohamba ngaphambi kokuba noma yimuphi umcibisholo ojikijelwayo uze ushaye umhlaba ukuwuqhumisa. Angisuye usiyazi wezenkolo, angikwazi ukufunda kakhulu ngoba anginamfundo, kodwa ngingumfanekisi, futhi ngaqaphela ukuthi umfanekiso wawuyini; uma ngibona ukuthi isithunzi sami sibukeka kanjani, ngizoba nomqondo othize wokuthi ngiyobukeka kanjani.

72 Niqaphelile, akukho nelilodwa iconsi lemvula elalingana uNowa waze wangena emkhunjini na? Amafu ayelenga ngaphezulu, ukuduma nombani kubhonga, kodwa akukho mvula eyana uNowa waze wangena.

73 NeNgelosi yathi kuLoti, "Ngingenze lutho, uze ufike lapha." Akukho-Mlilo obungawa. Akukho nelilodwa iconsi lalesoSibabule elilenga ezibhakabhakeni elalingake liwele eSodoma, kwaze kwaphuma uLoti. Kunjalo. UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo nje ngaleyonkathi, kuzoba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Impela.

74 Kuzobakhona ukuya eKhaya kweBandla ngobunye balobubusuku, noma ekuseni, noma ngesinye isikhathi ngaphambi kokuba umcibisholo owodwa ushaye lomhlaba ekwahlulelweni. Ngaphambi kokuba ukwahlulela kufike iBandla lizoya eKhaya.

75 Futhi uma ukwahlulela kulenga eduze kakhulu uze ukubone, isandla esiloba odongeni, noma esibhakabhakeni, lapho abangangena khona kulezoziputniki, namabhomu amabili noma amathathu ayoqeda yonke into, futhi bebengakwenza namhlanje uma befuna, futhi siyakubona, ubengafika kakhulu kangakanani uJesu ngalo lelihora futhi asuse iBandla laKhe na? Akukho neyodwa into esele kodwa ukufika kwaKhe. Kunjalo. Futhi sihlezi sengathi, "Awu, o, ngikuzwile lokho ngaphambili." Niyabo? Wenqatshwa.

76 Manje, ngifuna niqaphele, ngenkathi nje. . . Isikhathi sikaLoti. UNkulunkulu uzoshisa lomhlaba ngoMlilo. Bangaki owaziyo ukuthi Wakusho lokho na? Uzokwenza.

77 Ngifuna niqaphele i—imvelo yaleyoNgelosi ngaphambi nje kokuba umhlaba ushiswe ngesinye isikhathi eSodoma naseGomora. Manje, bukani izimilo zaseSodoma neGomora futhi nikuqhathanise ne-United States, kuqhathanise nje futhi ubone: izahlukaniso, imfundo, isimilo esibi. Niyakubona na?

78 Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekeni, uNkulunkulu wayenensali, lowo kwakungu-Abrahama ehlezi phandle lapho. Futhi bhekisisani, ngenkathi iziNgelosi zihamba futhi zatshela uLoti ukuba aphume eSodoma yonke into ayeyifuna, noma okwakungamlandela, ngokuba babezosha, noLoti wadabula ezitaladini, ubusuku bonke, emindenini yakhe nakuyo yonke indawo, eshumayela ngamandla akhe onke, futhi bhekisisani ukuthi bathini, iBhayibheli lathi bakhuluma kuye sengathi wayeyilowo owabhuqa.

79 Manje, bukani namhlanje, bathini ngoMlayezo namhlanje na? "O, ngokwakhiwe. Kungukubhuqa. Uzama ukuzifanisa. Uzama ukwehluka kithi sonke. Kungukubhuqa."

80 NguMoya oNgcwele, futhi niphuphutheke kakhulu ukuba nikubone!

81 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kungokomBhalo na?"

82 Ake sithi nje ukujula kakhudlwana uma ungakumela. Bukani iNgelosi yomusa Eyafika eSodoma, lelo elalizoshiswa; ngendlela Athi kuyoba ngayo namhlanje.

83 INgelosi ifika ku-Abrahama ngesimo somuntu, no-Abrahama waYiqonda ngokomoya. Futhi Yahlala phansi Ifulathele ithende, no-Abrahama waYipha ukudla. Futhi Yathi, "Abrahama, Ngizokuvakashela cishe ngesikhathi esifanayo . . . ngesikhathi sokuphila." U-Abrahama wayenekhulu, uSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye, babekade bebheke lesosithembiso iminyaka, neminyaka, neminyaka, neminyaka.

84 Labo ababheke ukufika kweNkosi ubhekisisa wonke umnyakazo. Malibongwe iGama leNkosi! Babheke into ethize ukuba yenzeke, njengocezu lwensimbi nje kuzibuthe, bakubhekile ukuba kwenzeke. U-Abrahama wayekubhekile, lesosithembiso uNkulunkulu ayesenzile.

85 Nesikhathi sasondela, noMuntu uyenyuka, kwakungesuye umuntu, kwakuyiNgelosi, neNgelosi yayingesuye omunye ngaphandle kukaNkulunkulu uSomandla ebonakaliswe kumuntu. Manje lalelani, nina bafundi beBhayibheli, u-Abrahama wabiza iGama laKhe ngeNkosi. Thatha loyo *Nkosi* futhi ubone ukuthi ngabe kwakungu-Elohim, uSomandla, uJehova egqoke izingubo zomuntu, futhi wahlala phansi efulathele ithende, Wathi, "Ngizokuvakashela cishe ngesikhathi sokuphila ngoSara," iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala.

86 Futhi niyazi ukuthi uSara wenzeni na? Ngaphakathi kwetende, iNdoda Ifulathele, uSara enhliziyweni yakhe, engakusho kuzwakale, enhliziyweni yakhe, ngaphakathi kwetende, neNdoda Ifulathele, uSara wahleka enhliziyweni yakhe. NeNgelosi, ibuka u-Abrahama, yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

87 Kwakuhlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Awunamahloni na? LeyoNgelosi efanayo yomusa iza kulesisakhiwo ubusuku ngabunye futhi yenza izinto ezifanayo. Kungaphambi kokuba uMlilo nembubhiso iyakushisa lomhlaba. "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu."

88 KwakuyiNgelosi enoMlayezo eyayikwazi ukwehlukanisa okwakuqhubeka emva kwaYo ngaphakathi kwetende, noSara waphuma futhi wazama ukukuphika, yathi, "Yebo, kodwa ukwenzile," ifulathele ngomhlane waYo, uSara esethendeni, enhliziyweni yakhe.

89 Aniyiboni imvelo yalowoMoya na? LowoMoya ofanayo wawungesuye omunye ngaphandle kukaJesu Kristu. Futhi Wenze into efanayo ngenkathi Usesimweni seNkosi uJesu lapha

emhlabeni kulowomzimba, Wenza izibonakaliso ezifanayo ukufakazisa ukuthi Wayenguye. Futhi Ulapha namhlanje nakulobubusuku, naphezu komhlaba, enza izinto ezifanayo phambi koMlilo nembubhiso, nabantu, ngani, uthi, "U—uyabhuqa. Ungumphikukristu. Uzama ukuhlekisa. Uzama ukulingisa. Ufuna ukwehluka. Kungukufunda ingqondo. Kuyisangoma esiphucukile."

90 NoJesu wathi, "Izwi elilodwa elimelene naWo, alisoze lathethelelwa kumuntu kulelizwe, noma ezweni elizayo."

91 Lokho uNkulunkulu akwenzayo, empeleni, noma ngabe abantu bayakwemukela noma qha, uMlayezo ufanele uqhubeke. Abazange baWemukele ngaleyonkathi, abazange baWemukele ngesikhathi sikaNowa, abaWemukelanga ngezinsuku zeNkosi uJesu, futhi bangeke bakwenze namhlanje. Kunjalo. Kodwa kuyamthokozisa uBaba ukunikeza izexwayiso zaKhe ngaphambi kokwahlulelwa.

92 Lizothini iSodoma lapho bekhuphuka na? Ngenkathi uLoti nje edabula ezitaladini . . .

93 Wena uthi, "ULoti nje?"

IBhayibheli lathi izono zabo zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla, impela wayenjalo. IziNgelosi zamgcoba futhi zamthumela ngaphandle neVangeli.

94 O, mfowethu, usuku olunje pho esiphila kulo! IBhayibheli lasho ngalolusuku ukuthi, kuThimothewu wesiBili uMoya ukhuluma ngokusobala, "Ngezinsuku zokugcina bazohlubuka ekukholweni, futhi bazoba abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu."

95 Ngiza ebandleni ngobunye ubusuku, kwakuneqhwa kakhulu futhi kukubi ukuza *lapha*, kodwa babenomdlalo webhasketbholi, futhi babefanele bajikise amakhulu. Kuyini na? Unkulunkulu wabo yibhasketibholi. Futhi uyini unkulunkulu wakho khona-ke na? Esikhulu, isiqephu somoya esiqhumile.

96 Ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu wethu uyiNkosi uJesu Kristu kuMuntu waKhe wokuvuka kwaKhe, owangempela, uMdali ophilayo Owenza amaZulu nomhlaba. Kodwa bafuna ukubona *lokho*, uhlobo lomoya kubo ludonsela lokho; uMoya kumKristu umdonsela kuKristu. "Umuntu angeza kanjani kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi na?"

97 O, yebo. Bazalwane, ngisho lokhu: Sheshani, balekani, anisenaso esinye isikhathi esiningi kakhulu. Lezizindonga ezinkulukazi ezindala zobufundisi zizowa ngolunye lwalezizinsuku, kungcono ugijime ngokushesha usenethuba. Phumani ezweni, ngenani kuKristu. Lapho nibona umoya oshisayo wokwahlulela ulenga ohlangothini ngalunye, manje ushwibeka amamayela angamakhulu ayishumi

nesishiyagalombili ngehora ngapha nangapha, noma, amamayela ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili ngehora, uzungeza uzungeza umhlaba, nesizwe esinesono nesandla saso sisenkinobheni engasithumela sonke sibe yimpuqumpuqu emizuzwini emihlanu!

98 Ningabheki into ethize enkulu ezayo, imvuselelo enkulu, bhekani ukufika kweNkosi, lungelani manje. UDeveli uphuphuthekisa kuphela amehlo akho kulezizinto.

99 UKristu Wazimemezela kuzo zonke izizwe, nakuzo zonke izizukulwane, Uyakwenza namhlanje. Ibandla ngegama nje lilele, iBandla likamoya livukile; intombi elele iye kolala ezothatha isikhathi sokuhlupheka, kodwa leyo eyayinamafutha esibanini sayo ilungele. Alibusiswe iGama leNkosi!

100 Ngiwuthanda kanjani lowomfanekiso wentombi! Niyazi izibani ezindala zamalahle esasivame ukuba nazo. Ngangisebenzisa . . . Asikaze sibe nezibani kwaze kwaba muva nje. Futhi bukani lapha, amafutha asezansi ekugcineni kwesibani, futhi kukhona intambo yesibani ewadonsayo, manje, leyontambo yesibani izofanele ibe uphisi wempahla eyenziwe ngokukhethekile, nomlilo ufika ekugcineni kwentambo yesibani.

101 Futhi manje qaphelani, wawungeke ufake ipayipi phansi lapho futhi liyowadonsa; Ngeke eze ngokwenziwe ngensimbi, izinto ezenziwe ngumuntu, Eza kuphela ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Nentambo yesibani ngukukholwa, nento kuphela engadonsa uMoya oNgcwele ungene e—ekuKhanyeni nguMoya oNgcwele qobo lwaWo. Futhi lapho unokukholwa kwakho, isiphetho esisodwa sayo sivutha ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nesinye sicwiliswe emaFutheni kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu, kuzoba nokuKhanya okukhanyayo ngokuqinisekile nje njengoba ngimi kulelipulpiti. Kunjalo.

102 Kodwa uma-ke unayo phansi emafutheni exutshwe namanzi na? Uyazi ukuthi kuzokwenzani na? Siyonhlinhla. Yileyo indaba ngezibani namhlanje zabaningi, ziyanhlinhla. Kwenza ikhabhoni phezu kwaso, futhi ufanele uvuke futhi ulungise izibani zakho. Futhi uma sake sabakhona isikhathi lapho izibani bezifanele zilungiswe khona, sikhona manje. “Shesha, uye lapha, ngokuba Ngingenze lutho uze ufike lapha.”

103 Manje, uma sibona ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu sekusondele kakhulu . . . Futhi khumbulani, eNkantolo yokwaHlulelwa lapho ngimi phambi kwenu, futhi niyabona ukuthi lezizinto engizishilo . . . Awudingi ukulinda kuze kube yileyonkathi, ihora ngehora, ubusuku nobusuku uJesu Kristu ubonakala lapha kuso sonke isimo Asenza, ngaphandle komzimba waKhe wenyama ngenkathi Ehamba emhlabeni, Wembula izimfihlo zezinhliziyo.

104 Wehla ngobunye ubusuku phambi kwabantu abangamakhulu amahlanu khona lapha, ngayo impela nje indlela Owenza ngayo ngoSuku lwePhentekoste. Ngenkathi ukubhonga kuqala ezibhakabhakeni, futhi wonke umuntu waqala ukubuka, nakhu Kufika njengokuduma okukhulu, kwashaya phezulu lapha emsamo, futhi kwabhonga phandle phezu kwesakhiwo, hhayi umoya ovunguzayo, kodwa njengomoya ovunguzayo.

105 Senzeni na? Esikhundleni sokuba izinhliziyo zethu zivuthe ukuba sihlale ngasedolobheni, sathi, "Bekukuhle impela, ya, akungabazeki engqondweni yami ngakho."

106 O, vuka, lungisa isibani sakho! UnamaFutha amaningi kakhulu axutshwe nomoya wakho, noma, amanzi amaningi kakhulu, kuzokwenza ikhabhoni, nezibani zakho zizocisha futhi zishunqise ushimula wesibani sakho, ungeke ukwazi ukubona uMbuso kaNkulunkulu lapho Ususeduze. Sisekupheleni manje, vuka ulungise isibani sakho, asihambe.

107 Niyakukholwa na? Niyakholwa na? Khumbulani, ngaphambi kokuba lelizwe lihlangabezane nenhlekelele yalo enkulu ebikezelwe emiBhalweni ukuthi lizofika, uNkulunkulu emseni waKhe uyokhipha iBandla laKhe kulo, ngoba iBandla ngeke libe lapha ukuba lishaye ichashaza elilodwa lokuhlupheka.

108 Qaphelani, uNowa . . . ULoti waphuma entweni ethize eyayizombhubhisa, uNowa wangena entweni ethile eyamgcina. Kuyini-ke ndawonye na? Kuhlanganise: Siphuma ezweni, esizobhujiswa ngalo, futhi singene kuKristu, yiyonanto kuphela engasigcina. UNowa wangena, uLoti waphuma, waphuma ezweni, waphuma eSodoma, noNowa wangena emkhunjini owantanta ngaphezu kwezahlulelo.

109 Futhi into kuphela, mfowethu, akukaze nakanye kunoma yimuphi unyaka lapho uKristu ebhubhisa khona abantu abakhulu, noma izinto ezinkulu kanjalo, waze kuqala Wakhipha abaKhethiweyo baKhe lapho. Ngokuba uNkulunkulu angakuthululela kanjani ukwahlulela phezu kweBandla Asevele elimemezele ukuthi liphelele na? SinguMzimba kaKristu. Uma sifile kuKristu sithatha iNzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso. UNkulunkulu angasehlulela kanjani lapho Esevele esesehlulele kuKristu na?

110 Futhi uma ukuKristu, uKristu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Imisebenzi efanayo. "NgingumVini, nina ningamagatsha." Igatsha elizisikayo lizisuse bese lidedela isibungu esithile esincane sehlelo sisike . . . ligijime lingene bese lisika umfudlana wokuphila, nalelogatsha liyabuna futhi lizoshiswa.

111 Kodwa lapho omuhle, umvini onempilo, noma, igatsha, ligelezela emvinini, umvini . . . igatsha lizothela uhlobo olufanayo lokuphila olusemvinini. Uma kungumvini wesihlahla samapentshisi, uyothela, igatsha lesihlahla samapentshisi lizothela amapentshisi; uma kungumvini wamagilebhisi, liyothela amagilebhisi; uma kuyithanga, liyothela amathanga; uma kuyikhabe, liyothela amakhabe, ukuphila okukulo kufakazisa ukuthi kuyini.

112 Futhi ungitshela ukuthi ungahlala ngapha enhlanganweni ethize eyenziwe ngumuntu futhi uzibize . . . Ake nginitshele okuthize: uNkulunkulu akakaze noma ngasiphi isikhathi, noma kunoma yimuphi unyaka ake amukela inhlangano. Ngitsheleni indawo eyodwa emlandweni. Ibandla eliKatolika liyibandla lokuqala elihleliwe elake labakhona. Futhi sithini iSambulo 17:17 na? Ukuthi laliyi—isifebe futhi lalinenqwaba yamadodakazi. Nebandla lamaProtestane liphuma ngqo ebandleni eliKatolika futhi bazihlelela bona emuva ngqo base bedweba imigqa yothango, futhi, "Sikholwa yi*lokhu* futhi akukho okunye." Futhi beshiya i, hhayi indawo yezimvu ukuya edlelweni.

113 Angimelene ngalutho nenhlangano yenu, kodwa niyazivalela, madoda nabesifazane, futhi nicabanga, "Iqembu lami likwazi konke." Iqembu lenu alikwazi ngaphezu kokuba uNkulunkulu engabazisa. Futhi ngenkathi . . . UJesu akazange afele nje amaMethodisti, namaBaptisti, namaPentecostal, Wafela uMzimba wonke, nombono womhlaba wonke ungowoMzimba weNkosi uJesu Kristu ukuba ulungele uHlwitho.

114 Umkhuleko wami ungukuthi, mngane wami othandekayo . . . UJesu ubona wonke umnyakazo omncane owenzayo, Wazi zonke izenzo ezincane ozenzayo.

115 Esikhathini esithile esedlule, indlovukazi, noma inkosi, njalo, ngaphambi kokufa kwayo, uKing George waseNgilandi, weza eCanada. Futhi ngenkathi esefikile, uthisha wakhipha bonke abantwana ukuze bakwazi ukuhamba futhi babanike amancane, amafulege aseBrithani ukuba bawaphephezelise futhi bakhombise ukuthi—ukuthi babethokoza futhi bejabule ukuthi inkosi yayilapho. Futhi ngenkathi bonke besabuthene ezitaladini namafulege abo amancane, ne—nenkosi yehla ngesitaladi nendlovukazi yayo enhle, nabantu bakhala izinyembezi lapho idlula, wonke umuntu waphephezelisa amafulege abo futhi wathokoza.

116 Abantwana babefanele babuyele esikoleni emva kokuba inkosi isidlulile. Bonke babuya, kodwa intombazanyana eyodwa, uthisha akayitholanga. Waphumela esitaladini, uqala ukuqalaza ndawo zonke, futhi emva kwesikhashana, imi ngasesigxotsheni sethelegrafu, nekhanda layo elincane lincike esigxotsheni,

ikhala izinyembezi ngamandla ayo onke nje, nothisha wathi kuyo, "Yini indaba, s'thandwa na? A—awuliphephezelisanga yini iflege lakho enkosini na?"

Yathi, "Yebo, ngiliphephezelisile iflege lami enkosini."

Wathi, "Ngabe usondelile na?"

"Yebo, ngisondelile."

Awu, wathi, "Uyi—uyibonile inkosi na?"

Yathi, "Yebo, ngayibona inkosi."

Awu, wathi, "Ukhalelani na?"

Yathi, "Inkosi ayingibonanga. Ngimncane kakhulu, ayikwazanga ukungibona."

117 Kodwa akunjalo ngoJesu. Akunandaba noma ngabe unemfundo, noma ngabe unezingubo, neze, zokugqoka, konke ukujika okuncane okwenzayo kuYe, Uyakubona futhi Uyakwazi. Kungani nina, namhlanje, ningavumeli uMoya oNgcwele anisondeze esiphambanweni na? Anilungeli ngani namhlanje na? "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Sibona zonke izibonakaliso ziqinisekisa ukubonakala kwaKhe masinya.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisacabanga ngakho.

118 Angazi ukuthi ubani obengathi njengamanje, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni wakho njengoba ukhuleka kulomkhuleko wokusikhipha, ngifuna ungikhumbule, ukuthi ngizosondela eNkosini, ukuthi ngalolosuku, emisebenzini yami emincane nanoma yini engangingaYenzela khona, Izokubona, futhi ikubale kimi njengokulunga, njengoba ngemukela iNdodana yaYo uJesu futhi ngifisa ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele." Ungasiphakamisa isandla sakho na?

119 INkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, kuyo yonke indawo. Kuvulandi osesitezi, uNkulunkulu akubusise. Futhi ngakwesokunxele sami, yebo. Kulungile, uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho kuvulandi osesitezi kwesobunxele. Kuhle.

120 Kulungile, Ulapha. I. . . Kukini manje. Ini? Sheshani! UMlayezo ubulokhu uyisimo esiphuthumayo. "Masinya, shesha!" Yiphi iNgelosi na? INgelosi efanayo eniyibona lapha.

121 Bangaki, namakhanda enu ekhotheme, owaziyo ukuthi uMoya oNgcwele uza lapha ubusuku ngabunye futhi enze into efanayo Ayenza ethendeni lika-Abrahama na? Ake sibone izandla zenu. Nakho lapho okhona.

122 Manje-ke uyini uMlayezo na? Wawuyini uMlayezo waKhe na? "Sheshani, phumani lapha!" Ngani, sukani kulezizindonga ezinkulu zamahlelo. Sukani kulezizindonga zesono ebenikade nimi ngakuzo, lezizenzo zethelevishini ezindala

zokungaziphathi kahle, nayo yonke lento yephephandaba, nawo onke lamaphephabhuku e*True Story*, suka kukho. Bonke lababanqikazi, "Angazi noma bekungaba ukufunda ingqondo yini. Angazi noma bekungaba yi*lokhu* yini." Shesha, suka! Phuma, futhi ugijimele maphakathi nesihawu sikaKristu, kusesiphambanweni ngokuba kukhona indawo yakho eMthonjeni. Kucabangeni, futhi ngokukholwa niMemukele njengoba sikhuleka.

123 Baba waseZulwini, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngalolu lokugcina, izinsuku ezimbi esiphila kuzo manje, zisibekela ukufika kweNkosi yethu ebusisiweyo, ukuthi Uthumele iNgelosi emhlabeni ukumemezela zona impela izenzo ezifanayo. Uma umoya wobubi ubungaba sendodeni ibiyokwenza okubi. Bese kuthi-ke mangaki amehlo abazalwane bethu abevaliwe ngokucabanga, "Awu, ngingoweqembu labantu. Ngingowebandla elikhulu"?

124 Futhi abaqondi ukuthi lowomoya ofanayo wawuphezu kukaKayafase umpristi omkhulu, phezu kwazo zonke izifundiswa ezifundile zezinsuku zeNkosi yethu, futhi Yathi, "Ningabaka, uyihlo udeveli." Amadoda angcwele, amadoda alungile, amadoda afunde ngokomBhalo, kodwa ehluleka ukuthola isambulo. Ehlakaniphile, enobuhlakani, amadoda amakhulu, kodwa ehluleka ukubona ubulula nokusebenza kukaMoya oNgcwele.

125 Nkulunkulu, yenza izinhliziyo zabantu zivuleke namehlo ukuba avuleke ukuze babone ihora esiphila kulo. Ukuthi uMlayezo ubikezelwe kanjani ukuthi uvele ngayo impela nje indlela Oyiyo. Futhi ngaphambi kokuba ukwahlulela kushaye, kwangathi bangaba nomusa.

126 Siphe kulentambama ukuthi bonke abaphakamise izandla zabo ukuthi uMoya oNgcwele uzongena emizimbeni yabo, ezinhliziyweni zabo, ezimpilweni zabo, ngaphakathi kubo, futhi ubavuselele kabusha futhi ubenze izidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Kwangathi amehlo abo angavuleka, bathi, "Angikubonanga ngani lokho ngaphambili na?" Siphe khona, Nkosi. Futhi bangasindiswa kulelihora elikhulu eliseduze. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, futhi sibanikela kuWe ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

127 NiyaMthanda na? Siphe indlela, "Ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Asiphakamise izandla zenu.

. . . Mthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Ng'ya . . .

128 Manje, sisacula, finyelela ngale emva kwakho, eceleni kwakho, phambi kwakho, xhawulana nomunye njengoba wenza lokho.

> . . . Mthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wathenga (Dokotela.) insindiso yami
> Emthini waseKalvari.

129 Bangaki ozizwa nje elungele ukuhamba na? O, akumangalisi lokho na? Uma icilongo liyokhala, kwenza mehluko muni na? Besiyowisa isiphambano bese semukela umqhele. Singeke sehluleka, uNkulunkulu usevele usemukele. Wathumela uMoya waKhe, uMoya waKhe ulapha nathi, wenza, ukwenza, wenza, khona impela Athi kuyokwenzeka.

130 Anijabuli yini ukuthi uNkulunkulu unibizile na? Khona-ke ningabadabukela labo, ningabalahli, kodwa nibadabukele labo abamehlo abo avalekile futhi bengakwazi ukukubona. Bangeke bakubone, ngaphandle uma uNkulunkulu wayazi ukuthi babeyokubona ngaphambi kokusekelwa kwezwe. "Ngokuba bonke Ayebazi ngaphambili, Wababiza: labo Ababizile, Ubalungisisile: labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile," vele, kulotshiwe ezincwadini zaKhe. UKristu ufikela ukuhlenga labo uNkulunkulu ngokwazi ngaphambili azi ukuthi babeyoMemukela. Amen. Uma leyo kungesiyo into emangalisayo!

131 Nokwazi ukuthi silapha kulentambama nje esikhathini sokuphela, nazo zonke lezizinto ezinkulu zenzeka, futhi lapha siphephile kuKristu. Impilo yakho iyakufakazisa. Manje, uma impilo yakho ingavumelani nakho, udukisiwe. Kunjalo. Kodwa uma ukubona, uqonde, udumisa uNkulunkulu ngakho, impilo yakho igcwele ukulunga kukaNkulunkulu, akunzima kuwe ukwenza into ethize e . . .

132 Awufuni ukwenza noma yini engalungile. Yilapho izikole ezimbili ezinkulu zachezukela khona ekugcineni okujulile, imfundiso ka-Arminius, "Ufanele wenze into ethize, futhi wenze into ethize." Leyo yimisebenzi.

133 Futhi olunye uhlangothi, abakaCalvin, bahamba, "Akabusiswe uNkulunkulu, ngisindisiwe, ngenza engifuna ukukwenza." Niyabo? Kodwa maphakathi nomgwaqo yikho. Uma uMthanda ungeke wenze lutho olungalungile, njengakumkakho.

134 Umkami omncane, ngizoya phesheya kwezilwandle kaningi impela, lapho ngiya phesheya kwezilwandle angihambi bese ngimbamba, bese ngithi, "Nkk. Branham, awuyikuba nabanye abayeni ngenkathi ngisahambile!"

Futhi akangibambi ngokhololo bese ethi, "Nsizwa, hhayi amanye amakhosikazi!"

135 Bekunge—kungebe yikhaya lelo na? Qhabo. Siyaguqa bese siyakhuleka. Ngiyamanga ngimvalelisa, ngithi, "S'thandwa, ngikhulekele."

Uthi, "Ngizobe ngikhuleka njalo ngehora, Billy."

136 Nakho lapho esikhona. Angikhathazekile noma ngabe uzoba nomyeni, angi . . . akakhathazeki noma ngizoba nomunye unkosikazi. Ngani na? Siyathandana. Futhi inqobo nje uma sithandana, kuyohlala njalo kungaleyondlela. Impela.

137 Manje, ukuba-ke bengingafika phesheya kwezilwandle, noma ndawondawo, futhi ngi—futhi bengiyokwenza into ethize ebingalungile, bengiyolala nomunye wesifazane na? Ngikholwa ukuthi ubeyongithethelela ngakho, uma ngifika ngimtshele, ngikholwa ukuthi ubeyongithethelela. Kodwa leyonto encane bandla eneminyaka engamashumi amathathu nesikhombisa ubudala nekhanda elimpunga eyama phakathi kwami nomphakathi futhi yaba ngaleyondlela, ngimthanda kakhulu, uma ubengangithethelela yonke into, ukuthi bengingeke ngimlimaze ngalutho, ngiyamthanda, ngiyamthanda. Futhi inqobo nje uma ngimthanda kanjalo, akanakukhathazeka ezweni ngalokho.

138 Futhi inqobo nje uma uthanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo yakho, ngeke ubheme osikilidi, uphuze noma yimuphi ugologo, wenze noma yini engalungile. Uyayithanda iNkosi. Kodwa ubungayeka ukubhema, ukuphuza, nakho konke okunye, futhi ungaMthandi, usalokhu ulahlekile. Kunjalo. "Akuyi ngemisebenzi, kodwa usindiswa ngomusa."

139 Manje, uma impilo yakho ihambisana nokuphila kukaJesu Kristu, okungukuthi, Washo eZwini laKhe lapho, "Uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi, kodwa nikholwe ukuthi kuyafezeka, ungaba nakho *o*kushoyo," *o*kushoyo. Indlela kuphela ebingagudluza leyontaba ibiyofanele ibe ngubuNkulunkulu bukhuluma. Lapho uyindodana kaNkulunkulu wemukela uNkulunkulu, okuyi Zoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kuwe, uba yingxenye kaNkulunkulu, khona-ke uma impokophelo yakho ilungile, nenjongo yakho ilungile . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

140 . . . udumo lukaNkulunkulu, khuluma futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani, kuzofanele kwenzeke. Kodwa ungakholelwa kanjani ngisho kukho kube kungekho lutho phakathi *lapha* ongakholwa ngalo na? UNkulunkulu uzofanele angene ngoMoya oNgcwele.

141 Ngiyazi kube nenqwaba yezinto mbumbulu, ngiyazi kube nenqwaba yokuzenzisa, kube nenqwaba yokuqhubeka, kukuyo yonke inguquko. Kunjalo. Umbuzo wawungesikho ukuthi uMartin Luther wayekwazi kanjani ukukhuluma aphikisane nebandla eliKatolika futhi azedlulele ngakho, umbuzo wawungukuthi, ukuthi wayenomusa kanjani ngokwanele

ukuba aphakamise ikhanda lakhe nabo bonke ubuhlanya obabukulandela. Bekungaleyondlela kuyo yonke inguquko.

142 Kungaleyondlela namhlanje. Kunenqwaba yobuhlanya ebethelwe kukho obubizwa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nezibonakaliso nezimanga lokho okungenjalo. Kodwa limeleni idola-mbumbulu na? Idola-mbumbulu likhuluma ukuthi likhona elangempela ndawondawo. Ngoba iBhayibheli likaNkulunkulu lasho njalo. Ngiyajabula ukuthi siMtholile.

143 UNkulunkulu anibusise. Kulobubusuku, iNkosi ithanda, ligamenxe elesikhombisa, ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *UMnyango EMnyango weNhliziyo*. UNkulunkulu anibusise manje. Woza kulobubusuku ulindele uNkulunkulu ukuba asindise abalahlekile futhi aphulukise abagulayo.

144 Dokotela Vayle.

58-0202 Balekela Lapha, Woza Ngokushesha
EThe Hippodrome
EWaterloo, E-Iowa E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org